ILANGA LASE NATAL

Otwesihlanu November 5, 1920.

IQEMBU ELISHA.

Njengoba nazi ukuti amaBhunu kusukela esikatini sika Gen. Bota kuze kube esika Gen. Smuts iloku eqekezeke pakati ngodaba lwamaNgisi. Abalandeli baka Gen. Hertzog abawafuni amaNgisi, isikwele sabo sesabenza baze bati kuhle ukuba iSouth Africa izibuse ingabi pansi kombuso wase Ngilandi. Lendoda etabate isikundhla sikaBota enguSmuts iti yona kuhle iSouth Africa ibe pansi kweNgilandi, kuhle kuti abamhlope bahlangane babe moya munye bupele ubukwele kumNgisi naseBhunwini. Nantoke itambo okuyilona libangwa amaqembu amabili, osekuze kwazanywa kwamenywa inhlangano enkulu eBloemfontein kutiwa kuzociciyelwa lolo lufa oluqekezeke embizeni. Kepa izigaba zombili azizwani nenhlangano leyo yaze yahlakazeka kungavunyelwene. Ute ukuba abone uSmuts ukuti uqekeko lolu pakati kwamBhunu alunakwelapeka, wamemesela isilungu sonku seUnion wati, akuhlangane amaNgisi namaBhunu atanda ukuba kupele isikwele kwabamhlope futi atanda ukuba lelizwe lihlale linciyeme eMbusweni waseNgilandi. Kunjalo kezivungunyeka zonke izigaba ziqodanela emitunzini yalamadoda amabili. Asazi oku iyona izotola abaningi ngevoti.

Tina sivumelana noSmuts noma iNgilandi seyasipata kabi kangaka, siti siyise izikalo zetu ide isibuyisela kubo esibala ngabo nendaba yetu ingazange iyiketela nebandhla lapesheya usuba lizoyihlola; pezu kwako konke loku iyisitunzi kitina kunokuba sidedelwe sisale sesiba inala yeqembu lao Hertzog elizobuyisela umteto wemvubu emhlane womuntu kungabi ndaba zaluto. Ubugcwelegcwele obudhlula indawo bokuzeka kuleliqembu lao Smuts. Futi isifanele simsekele ngoba usesibonisile ukuti usifisela osuhle ngomteto lo anikeza ngawo uzibuse kubuntu. Uqekeko lolu lwamaBhunu tina luyasijabulisa ngoba lusinika ituba lokuba into ecindezela umuntu isilungu singe nzi umbhimbhi ngayo, kube kona iqembu elibuyela ngakitina.

EZANENO NAPESHEYA

ISIDUMO sase PORT ELIZABETH

YAPUTA ISTRAIKI.

Usuku luka Nov. 1, olwabe lunqunyelwe ukuyeka pansi umsebenzi ePort Elissbeth lubuye lwadhlula singeko ngoba amadoda abuye ahlangana ati, Qa isinqumo sika Oct. 14 uke sime kuze kuhlolwe indaba yonke. Futi umpengululi nga Mr. H. Selby Msimang wase Bloemfontein ofike kona wacebisana nabaholi benhlangano yesisebenzi xakona bakucita okuka Mabalala bati akubuyekesewe isimo sonke kubuye kukulunywe nabelungu ngokuqinile. Futi okukulu okaMsimang nfike waba nesitoza lapaya eBhai wangenise umqondo onogasi nakubanta wokuba apele lamaqembu bonke babe abanhlangano yinye ukuze bati mdhla begiba iswi libe nesisindo beyimbulungu.

USEYEZA.

Inkosi entsha uPrince Arthur usenesonto lesinsuku elwandhle ukulibangisa neno lapo ezofinyelela kuwo lamseonto. Kuza owasendhlunkulu ngobo namhla.

UKUMBELWA KUKA MACSWINEY

Lomfo waseIreland ukufa kwake kube nedumela elikulu ngenxa yesibindi sake sokwala ukudhla wase wababala wafa engakutintanga ukudhla kwasejele. Uye wals'ihwa emsini wakubo eCork lapo abe yiMayor yakona. Lapo esefile isidumbu sake satwalwa kepa uHulumeni wanqaba ukuba siyodhlula eDublin neminye imizi kepa

KWALIWA

lapo isidumbu sesikishwa amapoyisa esitimeleni somhlaba sesiyofakwa kwesamanzi izihlobo sake zenqaba naso isidumbu noko amapoyisa asikipa ngenkani. Kwakukona nendodakazi yomfi kulesoziyalu. Lokukwenza kukaHulumeni ukumyeka sze afe kumnike ukukalelwa yisinkulungwane. Kwati, lapo sebesitatile isidumbu isinkulungwane ezabe sisele emhlabeni zonza inkonso enkulu zihoiwa umBishopo zikulekela isidumbu. Pezu kwe bhokisi lesidumbu kwakulotshwe ukuti, "Wabulawa abafo emnyakeni wesine we-Republic laseIreland." Babe t hibhisa iFlag yombuso wabo omusha pakati kwezitrati laseLondon.

OTI ABUNGAZELWA

Umboli odumileyo wamaIndia uGhandi ushaye umteto kwabakubo wati ululeka ukuba kekuyekwe ukurala kuze kubuye iswe lakubo, uti, kusizani ukuralela izingane etungilini?

INFLUENZA.

Njengaloku kade isibabazeka influenza eGoli kubantu ayi belu sekuswakele ukuti isiyancipa noma besekone, abagulayo nasebefile. Ukonjwa nalapa eNatal kubelungu ezigodini ezitile kepa kute gqwayigqwayi.

IZINDATSHANA

NGEZINTO NABANTU

Liyovalwa ngoJan. 22 iParlamende leUnion eCape Town.

—:o:—

Uyazibonga uMr. A. Z. Twala izihlobo eKimberley ezimsize ngesihlamvu ukuziza isikole esaseWaterfall Mission, Rhodesia.

—:o:—

Icala lomlungu uJan Smith namadodana ababulala umuntu omnyama ngeminyaka esikombisa edhlula ababoshelwe ngalo pandhle ngo£8,000 kutiwa usete umMeli wakwaHulumeni kasa'akuliquba. Kanti icala lokufa liyabola yini? Siyakuqabuka loku.

—:o:—

Abalungu abapuka iposi eNchanga basanda kulahlekelwa isikundhla ngokunika omunye umuntu imali kaMrs. P. Michael Gwala. Labalahla icala bacitwa.

—:o:—

Lamlahla icala umlungwana eTokwini ngolwesihlanu oludhlule owakwela watwalwa ngumwini nentombi yake imali yese yaba u6/- esepika eti kabonazi ekwela nomwini kanati; Po into kaMdanyana yamemezani! Wahlawuliswa £5 noma inyanga ejele.

—:o:—

Kutiwa bawashayile umbila ngalapa eFree State. Abalimi ngabanaye bevune amasaka ayizi 2,000.

—:o:—

Bake baba ngaseTokwini oMr. noMrs. S. Nyongwase baseMsinduze ngalesinsuku.

—:o:—

Umlungu oweba amasokisi esitolo eSalamane eMgu'ndhlova wahlawuliswa £5 noma aboshwe amasonto amatatu, kepa umuntu ngako akweba waborhwa isinyanga esimbili nomsebenzi onzima.

—:o:—

Isilwane somhlaba esisesivinini esidhlula sonke emhlabeni yingwe yaseIndia iCheetah ekuyiyona kusingelwa ngayo. Ibhanoa umfana kuyo

—:o:—

Kukona umfanekiso ohlekisayo epepsni lase Jozi iSunday Times waoGen. Smuts noGen. Hertzog kuku luma umfazi kubo uti isuka lisokuna liguqubele, emafwini kukona umuntu omubi. Uti abapuka umtanzi wokuswa na bangabhixwa yimvula leyo.

—:o:—

Kuyisiyala eMerika kuketwa inkosi entsha ngalesinsuku.

—:o:—

Kufakiwe kuGovernment Gazette ukuti kavaayiwe ukuba babambe isikundhla pansi koMajango wezaBanto oEdward Barrett, Secretary for Native Affairs; G. A. Godfrey. Under Secretary; E H R. Garthorne, Chief Clerk, First Grade, W. T. Walsh, Chief Magistrate, Transkei; T. W. C. Norton, Asst. Chief Magistrate, Umtata.

—:o:—

Umlungu opste iLocation laseBoksburg uMr. Hinton amangele uMr. Bedasi ngokuti wamhlambalaza watanonisa pambi kwabelungu nabantu. Ubisa £25 ihlalo ngaloko.

—:o:—

Uketiwe uNkulthana Mr. Fleming Johnston ukuba yiMayor ymusi wase Tokwini enduneni kaMr. T. Berman okishwe yijaji ngomteto.

—:o:—

Inkosikazi yomlungu eSheffield Eng'and isizele abantwana abayi 15, amawele kabili.

—:o:—

Namhla lusuku luka Guy Fawkes. Kumbla ebanjwa ezoqumisa indhlu yeParlamende neBandhla neNkosi bepskati eNgilande.

—:o:—

Intombi edumileyo yaseNgilande uMiss Sylvia Pankhurst isita esikulu seziceibi ulahlwe yicala wanqunyelwa isinyaoga esiyisitapa ejele. Ute kasose ayeka ukushumayela uqome ukufa.

—:o:—

Kusaad'ukufa iBholomane ngaseKoloni obese liminyaka ipakati kwe102 106. Kutiwa beliseyicoma inalidi Lalingakwazi ukugula.

—:o:—

Abanye taye bababaze uma betebelwa imali yesaziso epepeni. Pesheya isanda kukveshulwa eyamapepa spambili ukufaka imaziso ohlangotini lokuqala ekssini yamiswa ku£1,000 singene kanye. Noko kutiwa layayikipa abenaziso.

—:o:—

Laze labuza ijaji komunye umlisa eGoli lapo kutaiwa uride lwamacala akade ayemlahla lati, "Usawakumbula onke la?"

—:o:—

Kade ebambele isikole naseNanda uDr. Loram wafike wasinika a "Excellent," Halalala mfo kaMakanya noKuzwayo nesintoksai enisizana naso.

—:o:—

Uhambisene noMr W. Dimba uMr. B. S. Mtetwa ukuya eGoli ngelihlule. Bafika kona ngeMail sebehlangatshezwe yisihlobo.

EzaseGeorgedale M S

Livimbesele iZulu ngemva'a sonke lesinsuku zoSonto elidhlule liyana. BeSeqalile ukulima abalimi.

o o o

UCh rlie Nqaba akaseko, usbone ngomhla ka3rd. Oct. walahlwa ngomhla br4th Oct. Kwabe kulipolisa lakosi uChief Lutayi wabe esenesikati eside ekuleo sikundhla noChief Lutayi wabenokubonisa okukulu ubukhobo kumuntu wake ngaba wase wafela ezandhieni rake. Usbiye isingane eseziKulile nje impela abanye sebasha-da.

o o o

Hai, ababoselaki rkati umsebenzi nyaqbeka wokwaka indhlu yesonto. Seloko kwadi'zza nje. Nma enikubelungu emsebenzini tumelani imali umsebenzi wk lu emakaya lapa ngalendhlu.

o o o

Isilimela engw.qeni omuha odhlula lapa edese nomusi sesezabona omunye ubejini futi ukuba sipambana endhlolesi. Isiteshi sipakiwa impela sesipala esaa Georgedale. Siendeze impela.

o o o

UMBHADO.

NDHLOVU—MJIMANG.

Lowabado beku ngoka Mr. Birdsey Muntangaye Ndhlovu indodana enesse yomunsane odumileyo lapa oMr. Mjada Ndhlovu, intombi ngaMies Bella Mamang afanendokufika lapa Umkoti abepelereiwa ngaMiss Paulina Goba, (ie Tromisi) omyeni epeleselwa nguMr J S Gumede. Ubumuhle lomshado, kute kona esentweni yaba iMusic. Bebegcie abakomakoti, po loku nayeni iChoir lake belipetwe umnikazilo uMr. J. S. Gumede has, abenselanga ncawo alakomakoti. Izidhlo zibe ningi kakulu wapula ngobuhle ngoLwesitatu ngomhla ka 27th Oct.

o o o

Kade kukona uMr. J. Mpofu Mngadi, umtsti wesitombe odumileyo. Pola usalwa kona lapa. Ubehlezi kwadedewabo kwMrs. Ntyembeni, ubesesa etsta zona isitombe leso, wetata nawo amahado. Usebuyele eVryheid. Uyobaya ngoKisimusi.

o o o

Emshadweni kaNdhlovu noMsimang bekukona noMr. Daniel Ndimande umnumsane ngobo waseFredvile, no Mr. & Mrs. Chief Lutayi, Mrs. Mdhlosini, Mrs. J. J. Matiwane, no Mrs. Goba, Mr. & Mrs Mdande, nabanye ke. IChoir komyeni bekungama School Mistresses izinso noKubheka, Coroline, Mkize, Miriam, Donda, Alice, Gumede, Reaneth, Mzimela, Catherine nompati wabo nGumede, J. S. Ifindo laboshwa nguRev. Mdhlosini.

EzaseGoli

Ukwela n oMsombuluko odhlulilepo uMr. Jonah Mgobhosi waseGroutville, Natal.

o o o

Ngo 22, October ukusamazama kombhabati kube kukulu kakulu kuse Peitersburg, okutiwa wati akobulawa iMantshi nomfo kaEoqasa uMahle wakona. Hambe Transvaal Congress Singa'ashiyi abameli beta soMesers Ritch noMa.n ncz. Yibambeni bakiti. Halala umteka Theme uti manfele amaqa. Loku okutandi okwcita iCoogress.

o o o

UChief Mattala nomfowabo uMashiyane ijaji lite mab panyekwe ngoba babulala uEliss Lumela umtwana wenkosi ngoba eyiNkokeli yeCongress bamaziela ngokuti wapinga umka Nkosi bambulala bamaqunisa. Amanga abonakala. Basoke beswe behlakana nokudhla ngokusasa kwabo. Bosibulala abalwa noCongress njengo Judas.

o o o

Bokutetwa icala lase Alexandra Township lokuti irakamusi sakona eziteli imali kuSompaqanga wakona (Sanitary fees) iMantshi yabadhla ofagolweni, kwasinda uMr. Mbanjwa yena owa esyitelila.

o o o

Siyajabula ukuswa ukuti uPresident Maghatho utume uRev. Mahabane we Cape Native Congress ukuyokuswa ukuti kwenzenjani kuse kopela atanta eBhai? Bonke abantu bayeswelana nabase Bhai kulesisehlo sokudutshulwa kwabo.

o o o

UMr. Mngadi ixega elisebenza kwaGoldberg & Zerfett, alipilile kahle. Sengati selisoqonda ekaya lalo eMgangundhlovu. Sengati angalalama uNgema omdala.

o o o

Abantu abanjengo Chief Mini baya mangaliso. Bati abantu beti ubamfuni yena abe loku enolwanga lokuti amongameli. Ungamele obani loku abe nte batii abamfuni epakati kwabo bamwhite njengesikova silunywa nintenga. Ubanga amacala nje. Uzose adindwe abantu, eloku eti ubanga noMafukuzela wase azishaye ematsheni makande abone ukuti uDube uMongameli. Mabize eyake inhlangano pela sibone. Waspi mahla kuketwa? Kafuneki neze kasibonele.

Isishimeyana kaMaimai abantu asufika sengati abahlakanipile. Indaba yopuzo olunamandhla. Siyadabuka impela.

Uvakile unsukumbili. Bagula ubutapatapu. Asazi, sekosilranyela madoda.

o o o

Umlisa wakwaZulu oyipoyisa eComet ute eghabise ngokuti uzalwa endhlunkulu kaMpande, noma cabaya umuntu sezse ajola icala, mamo, iMatshi yeaBokaburg yati, kipa opendwe abatata. Nxa abubiongo 21 i'a nzuku. Umteto awuna nkosi lapa esiLa ngwini bo.

o o o

Imvula iningi lapa lidama kakulu. Futi esbeyshla abayeiima eNatal nase naseKoloni. Ubudoda lobo madoda. Otenaba iskuseboza kumlungu shtala ekonotswa indhlala.

Ezase Mount Frere C. P.

Ibandhla lamaDipende, (Independent Methodist Church of Africa, Cape District) endaweni yaseMvusi oku ukuti esaketini yase Mvusi esifundeni ase Mt. Frere lifumeze isisa sokuba kwakiwe indhla yeSonto kona, oHulumeni alpe umh'abe oyinzaye peMorgen (½ Morgen) oku ukuti iEka (1 acre) ngokwase Natal.

Pele lapa iDipende lena ibe yedelelwe kakulu kushiwo nokuti, akuko Mfandisi wapo ongenza isicelo sipumelele kwaHulumeni, kanti "bakohlwe amayime" lapa embiwa kona. Zehlile isihleti kulabo ba abesho njalo.

Indaba enkulu kuteliswe uti wetuka nje ubusobona abantu sebengabefundisi ngepandhle kwenhlanganiso.

Sisesinto nsoHlabiso lapa esele yagcotshwa nje ngaboDipende yemuka sebandhla kanti iliyefunga igoma eKomfeni iti siyisise yemuka neBandhla, yasho yemuka nalo lonke umzi wonke wak Qumba neNdakeni ne Diele.

Umfo kaNwayibanjwa useyiChairman of the District yebandhla lapo lamaTiyopia. Ngicela olusiyo leliBandhla ake aliceze. Lotiwa ukubhuka kwalo iNational Methodist of Ethiopian. Isiyenze abafundisi bayo abatati abangoNombatshu Mbiza noMtewa nabaVangeli bayo futi batatu abango J. Nyemberi obesevela eJohannesburg engamshumayeli eplanini kaRev. R. M Silgee noNcukana noNyezi.

Kulamasonto edhlulileyo iZulu lezse imvula enhle kakulu isipani sesinkabi siyapambana sebusele umka sele. Amadoda akatasoyo isigcine sawo siyoba esekuba ngolwesine, emafoot-balls abafana.

Kulesinsuku lapa kukona ijaji liteta amacala imvama yawo ngawamasela Kodwa inkunzi yomMeli into kuGardner iyabakipa impela. Futi lelijaji liquba kuhle nakuhla.

Lukulile uMenyano lwamakosikazi ase Dipende ahlangana nyanga nonke ngomhla we17.

NYAMANA MBHANA

EzaseKimberley

Balwile abanta eDutoitspan Mine eDaimane ngolwesibili October 26. Bensana lsindama esimbi isinkubele singapesa kwabami. Bekulwa amaZulu nabeSuta uZulu obetelelelwa emaXosa namaTshangane. Ibombi kwasise pela befikela kimi eHospital bekubengwa u6d. owasala mhla kukokwa 3/- kwabe ku 3/6.

Hayi angisosa ngikohlwe impi engaka yemitonto yesinsimbi. Bamlele akwasiwa noma bayopila.

JAMES MHLONGO.

Ngegatsha lika Congress lase Durban.

(Kumhleli weLanga.)

Ngicela indawana epepeni lako.

Lalelani nonke seliya kuluma ilala laka Nyuswa. Tulani ke niswe: ngipendula umhleli epepeni lombia ka 22 Oct. Uti, Bakona abapekula izikuni. Mina ngangikona kulowo mhlangano. Indaba eyangena kuqala iNew Native Affairs Act mina ngongu Chairman we Committee kodwa namhla angisiye ngoba bhanga ngizwa ukuti sekwakhewa entya ngesikati kushintshwa izikundhla. Anginakutuluma amacebo, ca, uChairman kanye noSecretary wa eti uma umuntu esola ukuti uDube wavuma nase Ngilandi bati, wena usolani kulomteto na? Impela bambuza omunye wase wahlaba pansi bona bevumela uMr. Dube. Angisolanga luto: ndiowo ofika asolo akusuzi. Omunye wakuluma baze babuza ukuti wau tuleleni msuzu ku kona uDube na? Yapela leyo uChairman, wati niyabona njengoba hina niti nifuna imali naze natuma uDube eP. M. Burg kona kusobonakala ukuti uDube utunywe inina eP. M. Burg kuhle nani nicele kuqala engakafiki amazwi ake ngoba funa bati kusuka kuyena nje lowo, ngako akubonakale ukuti utunywe iti eP. M. Burg. Nempela kwanjalo, futi amuko umuntu owaye kuluma ngolaka. Wati nje unopha'a pela nina ngiyanazi njalo ningati kwasaa nibuke abelungu ngezinhlonze. Anoba nobuso obuhle nje. Akezange akuze muntu. NoChairman wakuluma kahle. Into eyenza imeli ingabikona indaba kaChairman okwati sekukulunywa eyemali wavumela abeloku besukuma besapindela emva, amadoda amatatu. Enye impandhla eyayi pikelele iti sncbheka madoda uDube ukuluma besenipaksmisa izandhla, mina ca ngobo ngifuna ukuswa kahle. N seNgil nili wavume. Ngemtshena uChairman ngeti uma indaba isidhluliswe muse ukuvumela abantu beloku besola kanti naku uti babengasoli ngeni uyobonake. UChairman angiboni sono sake nalowo ukuluma nge-Secretary ca, wabhala kabi ngiwashilo amazwi aka nobhala, tina esingatsho ukuti ngakitshwa nini mina, umuntu abesehamba esepupusa nje.

JOHN NYUSWA.

Durban.

Ezase Victoria Hill.

Lapa bebeyaluza behla benyuka kulamasonto edhlula kulungiselelwa eNgqungqutela esa lapa noRev. J. N. Mhlongo wabikela amahosi ake uChief Msocitsweyo.

Inkosi yamabutolo yakela fanda naseMpofana uMr B. Hudson (uNobiya) ihlabise eNgqungqutela isimbu si ezimbili.

Nabonumsane bomusi bekipe izimbasi aMesers. Kolwane Qoma, N. S. Hlela, S. Dhlamini noP. S. Mcanu J. J. Mcanu &c. enaJosi nabaningi kulapo igosa selehla lonyaka uMr. J. A. Langa

Kute nge22 Oct. wafika uNgqungqutela womaoyano lwabefasi base-Natal bebeabhla base Independent Methodist Church of Africa. Umhlaganso wawuiwa nguRev. J. Mhlongo ngentshemayelo yomtandazo ngo7 p.m.

Umunyano lwesomane laqube kahle kakulu laqala ukufika lapo, lapa sinwa ukuti noNcodolelo wa lapa ngonyaka ozayo.

Ababeteleve akupeta izihlalo sikaNgungqutela nananyaka ozayo yilaba: Mrs. Sarah Mhlongo umongamelikazi Mrs. Lucy Ngwenya, umthali, Mrs Jemima Kunene umgcinikhwama, Mrs Sarah Ngqalisa, Gosakula. AmaCaza ajabulile kakulu impela.

Kutolotsale abasizikela eNkosini Ungqungqutela wonyaka ozayo u1921 uyoba semsini waseVerdriet.

NgoMgqibelo kusihlwa ngo7 p.m. kwacala ikwaya epetwe uMr J. D. Mcanu okutiwa "Intaka kayipumuli neisbantwana. Acculela kamnandi uNgqungqutela. Sinibonga kakulu makosikazi amahle. Anosikumbula nangomso.

Amakolwa nokumelelwa.

Magane,—Ngicela ibalana ezinhleni ze "Langa." Ngisuswa Mhleli nabafundi balo; "lianga" lika 1-10-20, nxa umbhaleli wako wase Estcourt ebikela izwe umhlola ukuba amkolwa amelelwa ngamaPolisa. Ukuti bati abefundisi abaveli uma behlekaniso eJohannesburg Bogala ukucanguselwa nyena balindele ukuba bahluvanise uma kwenzenjani.

Ngapambi kwe Mantshi isizwa imangalele uMfundisi ngoba ete nokuba yamelelwa ayingatati umfazi wesibili iyitolwa.

IMantshi, ite, Mfundisi, awazi yini ukuti lomntu walahla ubukolwa mhla emelelwa ipolisa? Pumani, nihambe. Ngite ukuba ngetuke ngatata "iLanga ngaya enkantolo eNkosini ;uMr. B. Hudson (uNobiya) eMpofana, IMantshi yati kimi, "abamelelwe iPolisa umfundisi akanemandhla pezu kwabo kodwa uma lowo muntu esefisa ukubuyela kuNkulunkulu nokuba angeniswe ebandhleni lamakolwa ningamshadisa ukuze uma esepula leso sivumelwane etata omunye nimbuze isifungo sake. Kodwa leyomishado ingalotshwa esincwadini (Registered) nempela.

COPY.

Marriages of Natives by heathen rites are registered through the chiefs of the various tribes, each Chief receiving 7s. 6d., and his Induna 2s. 6d., from the Public Funds of the Colony upon every heathen marriage. Marriage by a Minister of religion according to Christian rites, money is paid to the Chief or Induna of his tribe—for such marriage, vide Law. No. 17. 1894.

1. Babe yini eBandhleni abangasha disiwe umfundisi begeine ngokumelelwa?

2. Abameleliwa sebekoliwe botenjwa ngani kona bangati bafisa ukushadiswa uMfundisi?

Mhleli nabafundisi bamaBandhla ngamaBandhla ngicela ukuba ningibuzise amazwi angasenhla eziMantshi, nomteto weliswe, ongapezulu ngesiNgisi. Injobo ilungelwa eBandhla.

J. N. MHLONGO.

Victoria Hill,
Private Bag,
Mt. Moriah.

Ezakwa Nongoma.

(NGU F. N.)

Eh! Mngane,

Ake ngivumele kengiti ngampunqampu ezakwelakwa Nongoma.

Ekwetwaseni kwale efileyo besibiagelela itole lak'oka Matshana uBekwe, indhlalifa kaZibhebhu.

Loku kade ekwesasenhla esekale ima ka8to'e. Loku kwati ukufa kukuyise waya kona esemcane. Ufike esekalile ubakela ene6 lemiyaka. Wabingelelwa ngolukulu odomo kwaMandhlakezi, esdweni kayise. Use Bhangancmo [uBhekwe] wamhlanje eMzimkulu kayise. Kakatshelwa kodwa ukuba uzohlala kanjani, okungakuti kalsngeniswa esihlalweni sokuteta amacala njengamanye amaChief.

Kwati zkuba isdawo yaseBonjeni ingeniswe kweyakwa Nongoma abantu bamcana sesehlopeka kwaNongoma emeeleni abhekene naye uMpangula, angati insizwa le egawayo iti ngqu kutiwe, uMpangula noBonjeni.

UNhloyile kade epama kusobala ukuti unyaka osuyedhlula.

Linile lense umvumbi wezinsuku ezine labuye lapinda ngo6 kuyo le kus'hlwa. eyamdamo leyo yashonisa ebesoliyinile ishone pansi. Kungako abanumzane nezinsizwa bapangalele umkosi wokufaka uhlamvu olusha pansi. Ca, nokudhla akabanga nje. nga kumvuzwa lapo umuntu wayeti iyoti kuza lesisinsuku esikuze ibi "konkoto" ca, iNkosi yenza imila. Utshwala eloku taqalwa kwavuza nanamhla loku bayesha.

Site singazi sezwa kufika umbiko wesitombwana yakwaSitiya ukuba yase nenyanga. Au sakuza sababona. Intombazana ibisilungelo unstodo isitshotshwe yatiswa ca. Umsewabo uye wapifumanisa esiltanzi kwelosesihla lapo inyanga yayingenise kona, yechiswa. Wabuya nayo. Inshoda masinyane.

Umshanbelo kute leli ishiti uMrs. S. Mgobhozi. Ungenise edhlungulosi eMgobhozi abade elizakeza ukuba sqube umsebenzi walhlozi kona.

Saisubuya nemo wase kaMahlobo esikwejwayele.

Isikolo sbade sibukelwa pansi nge zinye isikolo ngokuti asiyiye iGovt. Aided School, sase salitole lelisiso lolu G. A. S.

Nonyaka bese sipindwa ubutili sivatabelwe uMbloli. Bekuiike semhla sbahloli sbatili. ngoSept. 2 1920, eMeerz. D. Ma'colm noT. Herle. Okungayena yena walendawo uMr. Herle. Bahlola abahloti ngomkuiu umjaho ngoba bafika ngo 10. 45 a.m. bayeka ngo 3 p.m. Sstole olukulu udumo ukuti "Excellent." Pambili Mapopoma School, Hatala mfo kaPakati no Mfundisi Ntombela, iNkosi inkubise kahle njalo.

Sibanjelwe umnumsane wakiti oSuta obe bekelwe ibuto lakwaVukayibambe, uMalangabi Ntombela. Sebephile abanumzane bakwaNtombela, ulandela undowabo uLate Chief Mgan'a ka Ngobo.

Kuke kwafika umoya omkulu ngo6 October wawumkulu impela ukuba kwasimbuka imiti emikulu nesingxabo emncane yalala unja kweminye. Kwasamazama isipdhlu. Ngabulawa ngomunye ngenshi eti "Kwatuleka iguia lezinjange pesula etsla lasekaseka pansi ngenxa yokuzamazama okwakukona."

Okuluma noRev. Mkize.

NGOBANDHLALINYE.

Yebo, nceku yeNkosi ngicela ukukuluma.

Iqiniso eligcwele, uJesu wathembisa waqinisa efasa ubunye, kwabakolwayo Na sike silami kwi, Mina ang zimisele ukuzingenisa kakulu kalendaba, ngitadile nje akukubuza ngenxa yesimemo esiko sonuti nonke umlandeli kaKristu akazakele uBandhlalinye. Kulokoke Mfundisi angisingenisi kakulu kuko ngenxa yotuta ngingaboni ukuti bungakona ubunye ngalesisuku sokupela. Jqani uJesu wabheka ngoMoya wabona ukuti ekupeleni isiyala zodwa. (Matt. 24:24.) Uma ibandhla lingenakwahlukana labo bedukisi, bangavelapi? INkosi yabona ukuti akugcineni siyakuba siningi isinkolo ngesinkolo, amabandla a ngamabandhla (Matt. 24:11.; Pho, uma isibhalo esiNgcwele sishilo siyakuvinjelwa ngubani? Bangevake kuye uBandhlalinye labo? Lento isobula ngoba ibandhla lokuqala belihiye nambiaye ayisinkulungwane apama kulelo litiye.(Isaizo 2:42) Isiprofeto asibayeki emva. Ngenxa yokuba singabuyeli emva uJesu waamfazela ukuba afe noma engcancwa, ngenxa yokuba sesishilo ukuti uyakufela isc. Nozuba wayekuluma amazwi amaodi njengoju lwesinyosi, zangeko nsukohliso euloayeni wake, kodwa kwamfanela ukuba afe akeze sigcwaic. (Is. 53:3:4, 5.) Nalapoke kuBandhlalinye, osowabangumabandhla aysphikisana, angekaliyve amanta ngoba isiprofeto kade sakuluma saqeda. (Ef. 5:6; 2 Tes. 2:3; Kol. 2:4; 2 Pet. 2; Dut. 13.) Onke lameswi ayisiboniso sokuti akuko oyakuvimbela amabandhlabandhla. Ake abheke kona manje kukona Z.C.C. Amaswezi asokuti tina singama Ngwane C. C. UmSuta sti mina ngidukile ngisibiza ngegama leziaye izise stiBasuta C. C. Ngiyavuma ukuti angabakona sbandhlaliuye kodwa abaye abe ngamagcembaqembe ngenxa yeziprofeto.

Ngiyiyekile leadaba nanhlanje ungasihlupi ngempendulo.

Ngu Mhleli ngokwelula kwami.

E. M. NGWENYA.
(S. I. B. Church.)

AKUKO NKWALI EPANDELA ENYE.

(NGU SILWANETSHE.)

Ukukanya pakati kwabansundu ungaze uti sekukona kanti ca ayinkabiko kuseyingcosana. Ngiteho ngoba kukona abantu abaningi ssebasi kahle ukuti umuntu ukuze asisidise lapa emhlabeni angenza loku salokuya ngitsho njalo abafundile. Kona futi siti singuti ukupakama bancane angabe sewkumbula ngalangakabiko kuleso sikundhla umuntu akuso, ngitsho sona beiu sokupakama ackwasi isinto, abaningi abangazi qpodi. Kangakoke ngiti akuko akwa ieya ebesliyinile ishone pansi. Kungako abanumzane nezinsizwa bapangalele umkosi wokufaka uhlamvu olusha pansi. Ca, nokudhla akabanga nje. Angazi nje ukuba uRev. Lamula kona inhlsiyo yake injani ngoba yena ngibona egcwele apa ezsintwenini cawa isiwe sipakame siqine njengoba esesiiilo. Ngiyamangala impela mina ngoba umfundisi akatendi ukuba avase abanta esintweni esiyobenza bube abantu, kupela uma eqube eseVangeli kwanele. Kepa ke inqaba ngoba imali iyafaneke ukuba ikitshwe yeminiteto nokuyo kanti ke uma umfundisi abeshumayela izindhlela zombili ibingasoze yakalisa muntu imali yeminiteto. Pela lapa ngapandhle iyatalisa kakulu ngoba abanento abayenayo atanta ukuba batole imali. Kepa angazi ukuti yini eyenza abafundisi bakiti bengashumayeli ngenqubela pambili kiku nokona bangabe bayasisisa nje pakuloto ngoba imali siyiviwisi iyasiyaneiela yona lena yeminihelo eyokondhla bona. Inqaba kepa ngoba nzioko kulesisuku zamanhle esimbi kangaka abatsho luto ngendaba yokubonisa isizwe esingasisisa ngako. Umuntu akazwa lange linye kupindwa kasingase ukuse zswe. Singajabula uma kungabekona abanjeago Rev. P. Lamula abasiye ukuti umuntu akabambi ngalokiange omtshela ngalo ndinga ukuba upinde pande ukuse kungene. Abanta bakiti laba asebepacuka abasnfana nomuntu ongasiye uwalelwe ohlakanipile kona obengazi luto, eti ngisobabikanipisa bese bengedhlala. Loko kubukeka sengati kusho njalo okwalabebanta asebete faku kuloku esiyiko sina maAfrika. Ayiko inkwali epandela enye. Bona ngabakiti nje ngobo abalingiza abesiswe ukuba impela ukuti ca ilowo nje uti la kusuta mina kwanele. Vuzani abanta bakini bo.

NGISABUYISA uMr. H. M. FUZE.

Ngitokozile nxa lempendulwana yami engeloto itintile kabuhlungu inhliziyo yomhlobo wetu uMr. Fuze nxa ngisika etijikayo endabeni yake ende yokutunywa kuka Sobanta, esijabulayo nkunzi esixozela yona. Aibe baba Mr. Fuze, makube ngikuhlalisanele ke ngokuba angitatenga ngoba lwamaswi ake, abonakele epepeni lika Oct. 1 1920 lapa ewpekula indaba yako enkulu. Nanka ke amaswi ako angipandulile, ebengicela ungicasele wona ngomusa:—

"Yebo wasihiya olungileyo yedwa kwabaningi, engingabazi mina abanye ababelungile, ngasi munye kupelo owafika esc kusifundisa, ngitsho lowo abati bonke abalungileyo bakutate kuye kwati noma abanta bake. Ngiyacelake ngocicise loko ngingoke kubo nakala kalotshelwe izwe olamukela kilippa? Nxa wawuho kumSindisi weta sonke tina Lentu lomhlabe sihlangene, kungabe wabeka uM "omkulu kumnye" noK. omkulu ka KUYE noB. omkulu ka bake. Ngipendulisiwe ukuba pela ubusuku usaxoxa eyesilio sokumuka kukaSobanta ancoma konke, wasufaka kesipeso samaswi ako asunandiso konke. Angazi te ukuti wawuteboni ngawo. Ngiti nabanye abafunda baweswinise okwamukanti badhle impunda kuiva ngitietisa ngawo kulelipepa lika Oct. 22nd. esauze ungifanise nesipuma ngqondo.

Po, indoda iyapendulwa emaswini ayo noma amahle iti yona nx'r ibadoda obuvileyo inzutebetshi ipoze enye ngaswi lokuyitunana nengqobe usuti ungibuza ungitetise wen ... ngifiketise ngezwi lokuti angiz ngqondo. Kanti awutandi yini ukupendulwa, nawe ululsmise la'kweqe kona? Bengingazike kanti ukusi awupendulwa, shwele ke baba agisbelele ngoliimi, ngicela nje ucasise lozo, ukuze nami ngibe nengqondo njengabo bonke. Akuko luto olubi engilwasi koSobanta nomsebenzi wake awenzayo angiwatsakeli mate, ngangisika elijikayo nje kulamaswi ako angipandula Ungixolele futi angizangcwa kuko konke loku ongitetisa ngako okwangi, ngiti nxa ngingakupendula konke ngakunye singaqeda ipepe leli lonke futi angingeni esinweni esinkulu esingehlulayo zingadingekile.

Futi kuleli lombongo kaDeus Gratias noSobanta ondala siyavumelana ukuti sewapela, lamagembu amabili atiwa iChurch likaSobanta neliko Gilini akusikona, kufanele kubulawe ngokukolwa njengoba kwabambiqpe abasi ngcono kunaki sebabuyelana kwapela lapa eNatal, bonke manje bapansi kwepiko lomBishop waseNatal uDr. Baines owatate isikundhla pezo uSobanta ayeyise lapa, nxa ngingaposisi, nesibongo seBandhla, esiti Church of England nesitakelelo sokuti Church of the Province of South Africa setsho luto lokwahlukana, indhlu inye nje yeChurch yengamelwe umBishop opetwe uArch-Bishop waseCape Town enganyelwe owaseCanterbury eEngland Engikosoleyo nje ukuba kuleku kupindwapindwa lapa epepeni, kuse kulimase imiqondo nemicabango yababutakataka ekukolweni bengaqondi kahle ukuma kwezinto, nabantwana abangaziyo baze bacabange ukuti kanti mabili, kanti linye qwaa, kungekoke nqicela sikulume ngesiZulu kubenza abasodongeni bangase bevaseke, kanti wena nemi noma silobo sengati siyaphikisana nje, iqiniso elimiyo pakati siyalezi. Asibhekeleke nababa kuko ka sibatotobise. Tetelela babe angilwi ng yaphakela njengobaba bohantwana.

Yimi Omncinyane.

S. J. BHENGU